



agriculture & rural development

Department:
agriculture
& rural development
PROVINCE OF KWAZULU-NATAL

KZN Department of Agriculture & Rural Development
Private Bag X9059, Pietermaritzburg, 3200

Enquiries: Nalini Dickson
Tel: 033-3559300 or 0832340475

Fax: 033-343 8255
Toll-Free: 0800 000 996
Email: Nalini.Dickson@kzndard.gov.za

INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOLIMO NOKUTHUTHUKISWA KWEMIPHAKATHI YASEMAKHAYA KWAZULU-NATALI, UMNUZ THEMBA MTHEMBU, AZOYETHULA EMCIMBINI WOKWEMUKELISWA KWEZINXEPHEZELO EMPHAKATHINI WASEGOLOKODO NGASEFOLWENI

UMGQIBELO, 16 JULAYI 2016

INDAWO: PUBLIC TRAINING ACADEMY, GLENWOOD, DURBAN

UMphathi woHlelo, uMnuz Mnyamezeli Dlamini

USomlomo woMkhandlu weTheku, uKhansela Logie Naidoo

Amakhansela akhona phakathi kwethu

Amakhosi

UMqondisi oMkhulu eHhovisi leKhomishani yezemiHlabheki Mbili

USihlalo woMphakathi waseGolokodo, uMnuz ZH Makhanya

Bonke abasebenzi bakaHulumeni abakhona

Abamele imithombo yabezindaba

Bafowethu noDadewethu

UHulumeni oholwa uKhongolose uyazigcina izethembiso. Namuhla sibona ukufezeka kwesethembiso esenziwa uHulumeni njengalokhu sinxephezelela umphakathi waseGolokodo ngemali engango-R44 million ngenxa yomhlaba owalahlekayo. Ngesikhathi uHulumeni omusha wentando yeningi uthatha izintambo ngo-1994, wenza isibophezelo sokulungisa lokho okonakaliswa nguHulumeni wengcindezelo. Namuhla sizozibonela kwenzeka lokho okwakuthenjisiwe.

Leli yihlandla lesibili lalolo hlelo lokulungisa isimo esonakala. Ihlandla lokuqala laphothulwa ngo-2008 ngesikhathi imindeneni engu-820 ithola isinxephezelelo semali engu-R35 million. Namuhla imikhaya engu-397 eyalahlekelwa umhlaba eyayiwusebenzisa ukutshala izitshalo, eyalahlekelwa yimihlambi yemfuyo, odedangendlale bamadlelo nemizi yawo namuhla yesulwa izinyembezi.

Impela kuyinto ejabulisayo namuhla ukubona abantu bakithi bephila impilo engcono. Sikhululekile manje asisacindezelwe. Siphila ezweni elinquba ngenqubo yentando yeningi, iNingizimu Afrika engenakho ukucwasa engayawo wonke

umuntu ophila kuyo. Siyizakhamizi ezinelungelo lokuvota sikhethe uHulumeni esimthandayo futhi sizoba nalelo thuba nje esikhathi esiyizinsuku ezingu-19 ukusuka manje njengoba sibheke okhethweni loHulumeni bezindawo.

Bafowethu nodadewethu, ukuze siqaphele ukubaluleka kosuku lwanamuhla kuyadingeka ukuthi sithi ukujejeza emuva emlandweni wethu sibone lokho abantu baseFolweni ababhekana nakho. Indaba yabo ibuhlungu futhi igcwele izinhlupheko nokulahlekelwa ngamathuba; ikhombisa isikhathi lapho impilo yabansundu yayingashaywa mkhuba. Izizukulwane ezizayo ziyadinga ukuwazi lo mlando.

Umphakathi waseGolokodo wawuhlala eFolweni lapho umhlaba wawungaphansi kwenkosi uMakhanya. Babenodedangendlale bamapulazi lapho babelima khona izitshalo futhi benendawo ebanzi yamadlelo ezinkomo. Babengabalimi ababephila ngokusebenzisa umhlaba futhi bezinga elithile bezimele ngisho nakwezomnotho. Kodwa konke lokhu kwashitsha ngesikhathi uMkhandlu weTheku uqala ukwehlukana abantu ngokwebala noma wakha idolobha esingathi lalingelobandlululo. Abantu baseMalukazi basuswa ngendluzula bayolahlwa eFolweni ngoba kwakuphendwa isikhala sokuthi kwakhiwe ilokishi uMlaza. Ukuze kutholakale indawo yalaba bantu ababezobekwa, umphakathi waseGolokodo kwadingeka unqindwe umhlaba wawo owawusebenzisela ukulima kwase kushabalala-ke manje indlela owawuziphilisa ngayo.

Imiphakathi emibili eyayiziphilela ngaphandle kwengxaki yazithola isiphazamisekile futhi ihlukanisiwe. Ngesikhathi abantu baseMalukazi befika eFolweni batshelwa ukuthi lolu wuhlelo lwesikhashana futhi bazobuye babuyiselwe ezindaweni zabo. Babeshaywa ngemfe iphindiwe ngoba lokhu akubange kusenzeka. Abanye bathola ukuthi akuwona wonke umuntu ozothola indawo yokufihla ikhanda. Abanye abantu banikezwa nje indawo lapho kwakuskhona umpompi wamanzi nebhakede elalizosetshenziswa njengendawo yokuzikhulula. Amalungu omphakathi waseGolokodo anikezwa amatende amanye anikwa orawondi abakhiwe ngothayela ukuze agogobale kubo kuze kube yilapho esekwazi ukuzakhela imizi yawo.

Im indeni ayikaze inikwe ngisho isinxephezelo ngomhlaba nempahla ehlanganisa imfuyo, amasimi namadlelo okwayilahlekela. Balahlekelwa ukuzimela ababenakho kwezomnotho futhi kancane kancane bagcina sebethembele ematohweni ababewabamba ezimbonini ezaziqaqele iTheku. Yilokhu-ke uHulumeni wobandlululo ayekuhlosile ukuthi uthola abasenzi abashibhile ababezokwakhela umnotho osomabhizinisi abamhlophe.

OwayenguNgqongqoshe wezeziNdlu ongasekho, uMhlonishwa uDumisani Makhaye, wethula uhlelo lwezezindlu eFolweni ngo-2001 futhi wanikeza incazelo eshaya emhloeni mayelana nalokho okwenzeka kule ndawo. Uthi abantu bazithola bengasenawo amakhaya futhi sebengomantuntanendishi. Wathi kusezikhathini zempi kuphela lapho abantu bezitholka bengasenawo amakhaya ezweni lakubo, wathi yingakho kungamangalisi ukuthi udlame lwezombusazwe lwaludla lubi eFolweni ngeminyaka yama-1980s.

Bafowethu noDadewethu, isinxephezelo esizosethula namuhla sifana nje nento engatheni uma siqhathaniswa nalokho enabhekana nakho ngenxa yoguquko olwaqhamuka imindeni ingazelele yaphazamiseka kwezenhlalo futhi yabhekana nezinkinga zezombusazwe nezomnotho. Ngike ngazithela ocwaningweni olwenziwa nguFelicity Ntombikayise Dlamini owayecwaninga mayelana

nomphumela owaba khona kubantu abahlaliswa kabusha ngaphansi kobukhosi baseFolweni. Lolu cwaningo walethula eNyuvesi yaKwaZulu-Natali ngesikhathi enza iziqu ze-Masters. Kulolu cwaningo wakhulumisana namalungu omphakathi waseFolweni ayemchazela ukuthi yayinjani impilo kuleya ndawo. Mhlawumbe abanye benu abakhona lapha nabo kwakhulunywa nabo ngesikhathi kwenziwa ucwaningo.

Kimi njengoNgqongqoshe wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya lolu cwaningo lunginike isithombe esithile mayelana esichaza indlela thina abamnyama esake sachuma ngayo kwezelimo nanokuthi salahlekelwa kakhulu kangakanani. Lunginikeze amazwi akhuthazayo engingawatshela intsha yakithi namuhlanjengoba ngibagqugquzela ukuthi babe ngabalimi bangomuso.

Nazi ezinye zezinto ezashiwo ngumphakathi futhi abanye benu bangase kungenzeka lokhu kwashiwo yibona.

Esinye isakhamuzi sithi sasinomhlaba oyingqaba yamahektha esasilima kuwo umoba. Uthi: "Ukususwa kwethula kwangishiya ngihlupheka. Umhlaba engasala nawo ngemuva kokususwa endaweni yami wawungenela kuphela ukuthi ngakhe indlwana encane. Kwakungahlala umndeni omncane."

Abanye bathi: "Indawo yethu yayenyukela kodwa sasebenza kanzima ukuyiguqula ukuze kusebenzeke kuyo futhi sagubha amathanela amade eyegcina amanzi isikhathi eside ukuze ngesikhathi sasehlobo lapho lishisa, amanzi avamise ukuncelwa umhlabathi ukuze kuniseleke izitshalo zethu ehlobo nasebusika. Lokhu kwakusisiza ukuthi sivimbele ukuwohloka komhlabathi futhi sikhohlwa ukuthi kwakuphephile, kuwulungele umhlabathi esasilima kuwo."

"Sasisebenzisa ubulongwe bemfuyo yasegcekeni ukuze sense umanyolo ukunothisa umhlabathi wethu. Sasishitshashitha izitshalo ukuze sigweme ukonakala komhlabathi futhi lolu lwazi lwedluliselwa kithi ngokhokho."

"Sasisebenzi ezethu izithombo. Ezomisiwe silungiselela isikhathi sokulima esizayo sibalekela ukuthenga imbewu eyayibiza."

Ngiyayithanda indlela esinye isakhamuzi esichaza ngayo uma sithi: "Sasihlale njalo sizondelene nomhlaba wethu kangangokuthi sasingesabi ngisho nezinyoka. Ngiyakhumbula ukuthi sasivamise ukuvuswa yizinyoni ezimbini, uMbalane noMehlwana, ezazicula kamnandi size sivuke nje impela siphumele phandle. Sase sizitshela ukuthi lowo msindo wezinyoni yiyona ndlela yethu yokuvuka. Ngezikhathi zasebusika ikakhulukazi uMbalane wawuthi uma usucula bese sazi ke ukuthi sekuyisikhathi segeja phezu komkhono sekumele kulinywe. Umsindo kaMbalane sasiwufanisa nomlolozelo wokukhuthaza ivila ukuba livuke lizithathe libheke emasimini liyolima."

Bafowethu noDadewethu, lezi yizindawo ezimnandi ukuzizwa. Zikhumbuza lokho okwasilahlekela nanokuthi manje sinani futhi singenza kanjani ukuthi iNingizimu Afrika ekhululekile isivulele amathuba. Imindenini engu-397 ezohlomula namhlanjena yakhiwe ngamalungu angu-2382. Ngithanda ukunibonga kakhulu ngokubekezela kwenu ngesikhathi kusacutshungulwa isicelo enasifaka. Kuyajabula ukwazi ukuthi kunabesifazane abangu-253 abazinhloko zemindenini ezohlomula lapha namuhla. Okunye okukhuthazayo ukuthi bangu-38 abantu abakhubazekile abazohlomula nabo namuhla ngesinxephezelo.

Ngenxa yemuva eligcwele unya esiphuma kulo thina njengoHulumeni sizimisele ukuba uhulumeni onakekelayo lapho isithunzi sabantu bakithi senziwa sibe semqoka kakhulu. Okuningi sekwenziwe ukubuyisa isithunzi sabantu bakithi kodwa kusekuningi okusafanele kwenziwe ikakhulukazi ekulweni nobuphofu nendlala. Inamuhla lihle kodwa ikusasa lingaba elihle ngisho nakakhulu!

Thokozelani imibhiyozo yanamuhla futhi nijabulele inkululeko!

Ngiyabonga!